**INKULUMO YOMNGCWABO KAKHANSELA U-WELEKAZI SIBIYA EYETHULWA UMEYA WASETHEKWINI UKHANSELA CYRIL XABA, 29 AUGUST 2026**

- Mphathi Wohlelo
- Umndeni WakwaSibiya naKwaXaba
- DA Provincial Leader: Mr Sithembiso Ngema
- EThekwini Municipality DA Caucus Chair: Cllr Alicia Kissoon
- Umfundisi uXaba osivulele ngomthandazo
- Pastor Siyabonga Bhala, osiphe ukudla komphefumulo
- Omakhelwane
- Izihlobo nabangani
- Ngiyanibingelela nonke
- Sanibonani

Mphathi wohlelo, ngizoqala ngokudlulisa ukubonga emndenini wakwaSibiya, kubangani, kubaholi, kumalungu omphakathi kanye nakubo bonke abakhona kule nkonzo, ngethuba engilitholayo namhlanje lokuba sibe ndawonye sikhumbule impilo, umlando kanye neqhaza lomuntu obaluleke kangaka kithi, uKhansela Welekazi Sibiya.

Namhlanje asihlangene nje ngoba silahlekelwe umuntu obemncane ngeminyaka, kodwa sihlangene ngoba silahlekelwe yimpilo ebigcwele amaphupho, amandla, ukuzimisela kanye nethemba lekusasa. UWelekazi usishiye emncane kakhulu, ngesikhathi lapho ikusasa lakhe kwezepolitiki belisaqhakaza futhi abantu abaningi bebona kuye umholi obesenomsebenzi omkhulu okufanele awenze.

Uma sikhuluma ngoWelekazi, sikhuluma ngomuntu obengagcini ngokuba ngumuntu wezepolitiki kuphela. Besikhuluma ngomuntu obebona ubuholi njengendlela yokusebenzela abantu. Ubenothando olukhulu ngomphakathi, futhi ubekholelwa ukuthi umuntu onikezwe ithuba lokuhola kumele alisebenzise ukuze impilo yabantu ibe ngcono.

Mphathi wohlelo, enye yezinto ebeziqgamile ngoWelekazi bekuwuthando lwakhe lokusebenzisa izinkundla zokuxhumana. Wayengazisebenzisi nje kuphela ukuze abonakale noma azwakalise imibono yakhe, kodwa wayebona lezizinkundla njengendlela yokuxhumana nabantu, ukuzwa izikhalo zabo kanye nokubeka obala izinselelo ababhekene nazo.

Ubekholelwa ekutheni uma kunenkinga emphakathini, kufanele kukhulunywe ngayo. Uma kunezinsiza ezingafiki kubantu, kufanele kubuzwe ukuthi kungani.

Lokho kwakwenza uWelekazi asebenzise izinkundla zokuxhumana ukukhuluma ngezindaba zokulethwa kwezidingo, ukukhombisa izinselelo zemiphakathi kanye nokubiza labo abaphethe ukuba baphendule kubantu. Ubekholelwa ekutheni izwi lomphakathi akumele lingazwakali lapho kwenziwa khona izinqumo ezithinta impilo yabantu.

Lokhu kusifundisa into ebalulekile: ukuthi ubuholi besimanje abupheleli emahhovisi noma emihlanganweni. Umholi kumele abe seduze nabantu futhi alalele abakushoyo.

Bakwethu ngike ngasho ukuthi u-Welekazi ubesemncane, kodwa uma sibheka impilo yakhe, akumele sibheke kuphela iminyaka ayiphile. Kufanele sibheke nomthelela awushiye kubantu abehlangana nabo.

Abanye abantu baphila iminyaka eminingi kodwa bangashiyi lutho. Abanye baphila isikhathi esifushane kodwa bakwazi ukushiya izinyathelo

ezibonakalayo emhlabeni. UWelekazi usishiye nemisebenzi yakhe emihle, amazwi akhayo, nemibono ephusile.

Mphathi wohlelo, namhlanje ngimi lapha ngikhumbula umuntu obengakabi lapho abefisa ukufika khona. Okusho ukuthi usishiye nenselelo yokuthi thina esisasele siqhubeke lapho yena angakwazanga ukufika khona.

Kwezepolitiki, abanye abantu bavame ukubheka izikhundla, amagama kanye namandla. Kodwa uWelekazi ubesikhumbuza ukuthi ekugcineni ubuholi bumayelana nokubhekelela izidingo zabantu.

Bakwethu kunzima kakhulu kithina ebesisebenza naye, emndenini wakhe, kubangani bakhe, baseqenjini abekulo le Democratic Alliance. Ukulahlekelwa umholli onesibindi nobeqotho njengoWelekazi kuvele kwenze uzibuze umbuzo ukuthi kungani kube uyena? Kodwa angeke saba nezimpedulo kulokhu.

Esingakwenza, ukuthandazela umndeni wakhe ebese siphinda silondoloze okuhle uWelekazi akushiye kithina.

Mphathi wohlelo, njengabaholi kanye namalungu omphakathi, kufanele sizibuze ukuthi sizokwenzenjani ngomyalezo awushiye ngemuva.

Uma wayekholelwa ekutheni izinkundla zokuxhumana zingasetshenziswa ukukhuluma ngezinkinga zabantu, masiqhubeke sizisebenzise ngendlela eyakhayo.

Uma wayekholelwa ekutheni abaholi bomphakathi kufanele babe accountable kubantu, masiqhubeke sakhe ubuholi obubeka abantu phambili.

Welekazi was deeply committed to the principles of ethical, transparent and accountable leadership. These were not merely ideals she spoke about, but values she firmly believed should guide those entrusted with leadership and public responsibility.

Sithemba ukuthi nentsha izosika iphethini empilweni yakhe ukuthi ibe negalelo elikhulu emphakathini, iphinde ukhuthazeke ngokubamba iqhaza kwezepolitiki, ikwazi ukumela imiphakathi yayo.

Mndeni wakwaSibiya, siyazi ukuthi akukho mazwi angasusa ubuhlungu enibuzwayo namhlanje. Kodwa sifisa nazi ukuthi aninodwa kulobubuhlungu.

Kwangathi uNkulunkulu angawududuza umndeni, abangani bakhe, ozakwabo kanye nawo wonke umuntu othintekile ngokudlula kwakhe.

Sifisa engathi amaphupho akhe, izimfundiso zakhe kanye negalelo lakhe kuhlale njalo ezinhliziyweni zethu. Umsebenzi wakho awuphelanga, kodwa usuphathiswe thina esisele.

Engathi nezingane zakho u-OWakhe noKhanya bangalandela ezinyathelweni zakho.

We must all aspire to emulate your exemplary leadership, grounded in unwavering integrity, selflessness, courage, and accountability. Your steadfast commitment to doing what is right, serves as a profound example to us all.

Sithi lala ngokuthula, Welekazi.

Amen.